

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHRIJI EBHOKWE MHLAKA 12
MAY 2011.**

Mphathi wohlelo;

Inkosi yaKwaXulu;

Amakhosi aseNdlunkulu akhona;

Amalungu esiShayamthetho;

IMeya yoMkhandlu waBaqulusi;

Izinduna;

Amakhansela;

Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhlolo yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambeke;

Abemboni yezokuthutha umphakathi;

Umphakathi wonke ngiyanibengelela.

Kuyintokozo ukuthi siphinde sibuye sizohlangana nomphakathi walapha eBaqulusini sizowubongela sithi halala ngentuthuko eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe. Kodwa futhi usuku lwanamhlanje ngolokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko endaweni yenu.

Ngithi sesiphindile sazohlangana eBaqulusini ngoba phela besilaphaya eBhekuzulu ngoJanuary sivula ibhriji KwaBhanya nakuba mina-ke siqu sami ngabuye ngabanjwa ngeminye imisebenzi kwagcina kuyiNhlolo yoMnyango uHlabisa neLungu lesiShayamthetho uNks Hlongwa abaqhubeka nomsebenzi.

Namhlanje sikhuluma ngokubambisana kwethu nani ngoba yikona phela okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona. Mhlambe umuntu akathathe leli thuba anibonge nani Nhloko yoMnyango nabo bonke abasebenzi boMnyango abasebenza ngokuzikhandla ekuletheni izidingo kubantu besifundazwe sethu.

Akusadingi silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi. Lokhu kubonakala nangokuthi emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi ekugcineni isifundazwe sesinoHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Lapha esifundeni saseZululand jikelele sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kubantu abaningi. Imiphakathi eminingi ezindaweni zaseZululand manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje ngoba bazalwa ikhona ingqalasizinda.

Bathi babona uHulumeni owaziyo ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphantsi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayingi lezakhamizi nabavoti bawo – kuyobe njengoHulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngokuthi baningi ohulumeni asefafika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo. Umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Lapha-ke niyazi nonke ukuthi sisho ukuthini ngalokhu ngoba senike nakuzwa ukushaywa indiva iminyaka engekho oninakile.

Niyazi ukuthi manje seniyakwazi ukuya emsebenzini, ezikoleni, ezitolo edolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma nivakashele izihlobo nabangani, ngoba uHulumeni wenu usenzenzele kwaba lula lokho ngokwakha ingqalasizinda yamabhriji endaweni yenu. Siyazi ukuthi lokhu kusho ukuthini kinina futhi siyjabula ukuthi nikwazile ukukhetha uHulumeni oqonda futhi anake izidingo zenu.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo. Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Sesiwabonile futhi namathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo. Kunenqwaba yosonkontileka abasafufusa abahlomulayo. Ezinye izinkampani zokwakha seziqashe abantu ngokuphelele ngenxa yokuzinikela kwabo emsebenzini wabo nokuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkethayo.

Namhlanje-ke sithi singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sidlulisela ngokusemthethweni umgwaqo waseBhokwe ongamakhilomitha amabili oya eNyathi odle isamba sika-R7.5 million. Abalelwa ku-80 amathuba emisebenzi adalekile kulo msebenzi. Kukhona nebhriji elihambisana nawo elidle isamba sika-R4.69 million kwadaleka namathuba emisebenzi abalelwa ku-45 kubantu bendawo ngenkathi kwakhiwa.

Enye ingxenye yalo mgwaqo uP274 esuka eNyathi Mine Village iye koxhuma kuP46/1 ebangeni elingu-14 km, izolungiswa ngalo nyaka wezimali ka-2011/2012 ngemali elinganiselwa ku-R20 million, kudaleke amathuba emisebenzi angu-120.

Uyobe usuqedelwa ngonyaka wezimali ka-2012/2013 ngemali elinganiselwa ku-R12 million, kudaleke amathuba emisebenzi angu-80 kubantu bendawo.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi waseBhokwe naKwaMnyathi okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. Lapha kuzosizakala nabantu abaya ezitolo eSwart Mfolozi Shopping Centre neGluckstad, esibhedlela eVryheid nasemtholampilo eHlobane. Kuzophinda kusizakale nabafundi baseMfolozi High, iNyathi Primary, iMbilana Primary, iBongwe Primary, iNcutshane Primary. Lo mgwaqo uphinda uxhumanise iVryheid noPhongolo.

Ngaphandle kwalo msebenzi esiwudlulisa ngokomthetho namhlanje, ikhona neminye imisebenzi eminingi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka yezimali emibili edlule kule ngxenye yase-Vryheid engaphansi kweZululand, esithi uDC 26B.

Ngonyaka wezimali ka-2009/2010 sifake imali engaphezulu kuka-R32.7 million kwadaleka namathuba emisebenzi engu-250 kubantu bendawo. Ngonyaka wezimali odlule u-2010/2011 sifake ngaphezulu kuka-R37.8 million kwadaleka amathuba emisebenzi angu-293.

Kulo nyaka wezimali ka-2011/2012 sizobophezele ekufakeni ngaphezulu kuka-R57.8 million bese kudaleka namathuba emisebenzi angaphezulu kuka-420 kubantu bendawo. Yonke ihlanganisa ukwakha imigwaqo engenela ezindaweni zokuhlala imiphakathi bese igcinwa isesimweni yibo abantu ngohlelo lukaZibambe.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sazi ukuthi ngesonto elizayo sekuwukhetho loHulumeni baseKhaya, sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho.

Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

NgoMsombuluko nje besinomkhuleko omkhulu laphaya eGreytown sikhuthaza kona ukuba abantu bahloniphe amalungelo abanye okuzikhethela. Size sathi abantu abeze befake yona imifaniswano yamaqembu abo ukuze babone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu wenye inhlango.

Nalaphake siyagcizelela ukuthi makangabi khona umuntu ophoqa noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho.

Okumele nikuqaphele ngukuthi uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Ngalawo mazwi ngithi masibambisane siye okhethweni sikhululekile.

Ngiyabonga